ɓavinjelwe esangweni ɓakake umakoti angaɓonwa ɓa aɓasemzini. ɓahlawule la kuthiwa aɓahlawule khona ngoɓa naɓasemzini naɓo ɓazoɓahlaulisa.

Aɓancane laɓa ɓahamba phambili ngoɓa ɓaya kohlaɓa izinkomo emzini. Aɓakhulu ɓalandele-ke nempahla yomntwana ɓafike-ke kusinwe ke ijadu. Uyise amɓeke umntwana enkundleni. Akhulume onke amazwi ezeluleko kuyise womfana esho ukuthi nango umntwana wakhe aze amgcinele yena, ke nokunjalo. Aɓele aɓasemzini izipho aɓaphathele zona amacansi, nezicephu, nemishanelo,

5 nezivovo, nezinkamba, nezifociya au! Nazo zonke izinto ezinhle eziɓonakalisa ukukhuthala kukamakoti. Seɓethokoza aɓasemzini ɓegiya ɓekikiza.

Sekuqoqwa-ke loko sekuyadliwa-ke inyama yezinkomo nezimbuzi eɓezihlatshiwe seɓelawulwa lapha ɓeyophuza khona.

Phela nakuɓo makoti uɓukade ugayiwe umncamo wotshwala wahlatshwa nomncamo wenyama noma yinkomo noma yimbuzi. Kudliwe-ke kande akhishwe umakoti kwaɓo- futhi ethwalelwe eyakhe inyama ngeqoma nokudla akuthandayo, ngoɓa azoze akudla ukudla nenyama yomjadu wakhe--uyahlonipha.

6 Kushadwe kudliwe kuthiwe du qede ɓachitheke aɓazoɓuka icece, naɓakuɓo kamakoti ɓahambe aɓakhulu aɓaphekezele ehambe ekhala ɓemduduza ɓemyala-ke aɓuye esexhawulile kwaɓakuɓo, kulalwe kuse, izinɓombi zakuɓo zivuke ziye komseɓenzisa noma yimuphi umseɓenzi wakhe, noma kuhlakulwa ɓayomhlakulisa, noma kusikwa utshani ɓaye komsikisa, noma kungekho mseɓenzi kuyiseɓusika ɓaye komthezisa izinkuni, ziɓe yigoqo ngelanga. ɓayaɓuya lapho ɓayamngenisa kwaɓo lapha ezopheka khona. Ungena nje uphethe umshanelo nesicephu sakhe azohlala kuso, seɓengena qede usesendlala ngasesililini

7 sikanina usethi ukuhlala usesukuma ethatha umshanelo wakhe owenziwe kahle, usethi ukushanela eshiya iziɓi emnyango, useɓeka noma nje uɓuhlalu oɓakhiwe kahle noma yisigege nje phezu kweziɓi, sehlala phansi. Sekusuka ingane yasemzini i isiɓutha iziɓi izichitha isizitholela isigege, isiɓeka umshanelo la uhlala khona.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Se6ephuma-ke a6aku6omakoti 6ethatha impahla ya6o se6edlile, se6ehamba. Use6aphekezela futhi umakoti ekhala. Use6uya-ke na6asemzini wakhe 6ehamba 6ekhuluma okuhle 6omjwayeza. Se6eyafika-ke emzini ekhaya. Uhamba nomganisi wakhe asele nayo.

6ayadla-ke. Angadli umakoti phela uyazila. Uyanikwa ukudla kwasemzini ngonto. Inyama futhi ayinikwe. Inkuku nengulu6e kayidli ngo6a ilandela a6antu 6asemzini 6eya ngasese. Amasi no6isi kakudli. Uyanikwa angakudli oze azi6ule. Kangeni esi6ayeni sasemzini.

Sekusa kusasa uvuka kumnyama, usengena kwa6o umganisi ethatha imbiza kamakoti neyakhe se6okha amanzi usewashiya ngaphandle umakoti ecathula egulda eze engena kwa6o--kakhulumi usewangenisa onke amanzi umnganisi, use6uza ethi kuphekweni
8 kunina, usemnika umbila se6egaya-ke 6ephakula sekuphekwa-ke. Kayadliwa qede--usephuma umakoti nomganisi 6aya kotheza izinkuni. Use6opha umnya6a omkhulu owedlula owomganisi wakhe usewethula ngaphandle se6engena-ke ekhaya. Kuthi uma umganisi esewethulile owakhe umnya6a a6uye alande okamakoti, ke 6athathe izitsha 6ayokukha amanzi 6afike 6aphondle 6achophe qede 6a6uye namanzi.
Uma kuyikuthi kuyahlakulwa 6akhe amanzi 6ayohlakula 6a6uye 6agaye 6adle 6aye kotheza 6a6uye 6akhe amanzi 6apheke njalo nje, aze ajwayele umakoti qede a6ese6uyela ekhaya umganisi.
9 ~~Xk~~ Umkhwenyana amuphe into yokumthokozisa uma eseya ekhaya.

Ahlale-ke lomakoti o6ekwe nguyise kumuntu amkhithelwe nguyise kumuntu amkhuthelwe nguyise ngaphandle kwenkantolo nangaphandle kwa6ofundisi, azale agcwalise umuzi uma iNkosi imnikile inzalo. Ahlale awakhe umuzi wakhe aze agugele kuleyondoda yakhe eyihlonipha azisa zonke izihlo6o zasemzini wakhe.

Zingekho izahlukaniso ezingaka njengo6a sekulotsholwa ngeshumi lezinkomo nenkomo kanina kuqiniswe ezinkantolo kufungwe ku6afundisi.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Aɓantu aɓadala-ke ɓathi kwafika isilungu sikafeɓana. Kwafika umziqomele, kwagcwala izahlukaniso.

Ngisayishiya-ke lendaɓa khona lapha.

9 Ukuhlonipha

KaZulu umloɓokazi uɓehlonipha. Yeɓo phela nalapha esilungwini zisahlonipha nje izintombi, kodwa seziyeɓa ziziɓize izinto eɓezingafanele nempela ziziɓize. Njengoɓa uma ngiyisihambi nje, ngihlangane nomloɓokazi ehlane ngiɓuze indlela angilayele kahle. ɓese ngiɓuza lomuzi ukuthi ungokaɓani athi owakuɓo. Ngiɓuze umnumzane wakhona athi kamɓizi ngimhlalele ngimgubha oze angeɓele aɓize uyise kanti yimi engiganga ngomntanomuntu ngimɓizisa okungaɓizwayo.

Kuqala uma intombi iyakwenda iɓitshelwa onke amagama a aɓantu aɓahlonishwayo emzini wayo. Ingaphindi iwaɓize yoze iɓe salukazi sakhona ngoɓa phela umloɓokazi uchanguza lapha

10 ekhaya nje, ubheke ukuzala. Ekuzaleni kufuneka umuntu ohloniphayo ongesilo uhlanya. Ongakhweli phezu kwekhanda likayise womyeni angamphathi uninazala ngesandla aɓahloniphe-ke ɓonke aɓakhulu aɓafanele ɓahlonishwe emzini wakhe angaɓaɓizi ngamagama aɓo, ngoɓa kukhona amadlozi azomɓamba mhla ezalayo. Loko kwakwaziswa kakhulu kuqala.

Namhla, yeɓo kuyahlonishwa kodwa kuyeɓiwa okunye ngoɓa phela aɓelungu seɓasitshela kakhulu ukuthi kawekho amadlozi. Ngakoke zihlonipha ziɓuye zeɓe.

Kwakuthi uma ingane ikhasa igaqe yeqele esilililni sikayise, umloɓokazi eyedwa endlini, angeke ayilande uma eɓona

11 ingozi ezoyehlela. Uyoze ahambe ayofuna omunye umuntu amthathele ingane ngoɓa yena keqi.

Umloɓokazi kangeni eme nje endlini kwaɓo. Kuyathi uma esejwayele nje eskhuluma nomuntu omdala kanti uɓesesukumile ethi uyaphuma, aɓeseɓambelela edolweni akhulume ekhotheme, aqede qede aphume.

Azikhishwa iziɓi zichithwe eɓusuku ngoɓa loko kuɓanga uɓuphofu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Akhothise a6asendlini izinsizi nezimpuphu ezithile njengokwelapha kwakhe ahlafune aququde naye aphume akhwife achinse alikhuze ethi aliye elwandle.

Nempela uzolivika ngeke liwe lapho ekhaya.

Kuthi uma liduma engekho kukhishwe noma yinduku yakhe ilahlwe emnyango liye koshaya kuyo lingalimazi ekhaya ngo6a engalipumile.

Iyonandlela leyo yokuhlonipha izulu uma liduma.

Mangiqedele ngokuhlonipha. Njengo6a 6engithe umlo6okazi kazi6izi izinto ezifana namagama a6asemzini wakhe-ke lukhona ulimi lokuhlonipha: Yilolu.

Umnumzane uma ku uMveli umlo6okazi anakusho ukuthi uvelaphi? njalo nje ke.

15 Ukuhlonipha

| | |
|---|---|
| ukuvela | ukuthuza |
| imbuzi | intshitane |
| ukudla | ukumaya |
| ukuphuza | ukunatha |
| ekhaya | e6atha |
| endlini | eni6eni--enkathekweni |
| inkomo | imeshe |
| oku6ili | okuntshe6e |
| ukubheka | ukugcala |
| saku6ona | sakuyana |
| inyama | impeko--incosa |
| inkuku | impandane--ikhwi6i |
| ukuhlcka | ukunkesha |
| ukulala | ukugiyama |
| ukuhlala | ukuthema |
| ukuhamba | ukukhija |
| umfana | umlisa--umkhaphelana |
| indoda | injeza |
| ikhambi | ihlafuno |
| umuthi | umshanguzo |

Uma nikufuna okunye-ke ngo6uye ngininike. Ngiyayishiya-ke lel lapha.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Umkhuhlane

Kuye kuthi uma kukhona umkhuhlane ekhaya, kugqashulwe ama amakhambi kuchathwe, kuphuzwe kuphalazwe, kufuthwe, kuthotshwe. Uthi uku6a ungawezweli amakhambi asekhaya kucelwe ngaphandle. A6anye 6athi kahlatshwe ngenkuku nangosheleni.

Kuthi uku6a kungezwakali ku6alekwe naye lowo ogulayo. Aye kowadlela komunye umuzi. Uye ahangiswe e6usuku, ngo6a phela kunyenyelwa a6athakathi la6a a6am6ulalayo. Kazifeli umuntu uyathakathwa.

Kwesinye isikhathi asinde umuntu ngako uku6aleka aye k
17 kodlela amakhambi komunye umuzi. Ku6onakale ukuthi 6ekushisa lapho ekhaya.

Kwesinye isikhathi anele uku6uyela ekhaya qede, adliwe ogulayo edliwa umoya, umkhondo, a6esekhwelwa yikhanda ozela emini, uhlale eqolo umkhondo nasemalungwini onke, um6uyele ke futhi umkhuhlane. Ku6onakale impela ukuthi kuyashisa lapha ekhaya. Kukhona izilwane ezihambayo lapha ekhaya za6athakathi.

Kwesinye isikhathi kukhona umhlangwe, (inyoka enomhlandla oqhoshileyo imhlophe ngaphansi, ayinamathumbu) awu6ona6onwa nje umhlangwe kodwa izintelezi ziyawu6amba. Uma u6anjiwe
18 uyasetshenzwa impela uchelwe welashwe ngezihlungu u6ese u6ulawa qede u6ethelwe ngesikhonkwane ekhanda kuze kuse, ngo6a uma unga6ethelwe uzovuka e6usuku u6uyele kumniniwo.

Kuvukwe ekuseni kulandwe inyanga iwushisese iwelaphile, okuseleyo kwawo ekusheni iye kokumbela endleleni yikhona uzokwenganywa a6edlulayo 6edlule nawo unga6e useza ekhaya lelo.

Kwesinye isikhathi kugulwa nje kuhamba izimpaka noma yimvukuzane ekhaya. Uma-ke kukhona izimpaka a6antu 6a6a
19 nomkhuhlane wokunqunywa emphinjeni umuntu agxaze amathe; uma engaphuthunywa ngezihlungu ufa liphuma ilanga ngo6a u6iyane luye lugcwale esifu6eni luze luvimbe emphinjeni lwesuka emanxe6eni ama6ili emphinjeni lucime umphefumulo umuntu afe.

Kodwa a6azi zi izihlungu 6ayamphuthuma 6amkhothise 6amphalazise u6iyane asinde. (U6iyane yizindenda)

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Lezilwane zicushwa ngezintelezi zi6anjwe zichelwe ngemithi zi6ulawe zishiswe zihlanganiswe nemithi xxx zenziwe insizi yokukhotha nokuncinda nokugca6a. Kwelashwe ngayo-ke impaka leyo nemvukuzane nomhlangwe.

Kwesinye isikhathi awupheli nje umkhuhlane lo kukhona
20 umfazi omu6i ekhaya owefuye ixhanti (inyoka yentando) ngo6a phela esithenjini uma omunye umfazi aliwa yindoda ilala kwantandokazi, onenhliziyo embi uye ahambe aye enyangeni athenge intando ngomzimba wakhe ngo6a intando ethengwa ngomzimba iyachuma i6e 6ukhali. Inyanga-ke imenzele umuthi ithi uyophalazela ndaweni yinye, noma emlotheni noma emfuleni. Uma sekuphele lezonsuku-ke zenyanga, kuyofukuka into la ethi uyaphalaza. Enze njalo njengokusho kwenyanga kuze kuphume inyoka enhle enama6ala amahle yini pho. I6ese imkhotha wonke umzimba imthandela imlala. A6eseyithatha ayifake embizeni yakhe ayaziyo ayi6eke endaweni yakhe ayazi yedwa
21 aloku eya kuyona-ke iya komenza loko njalo ekuseni namashona. Indoda izomthanda izule ngaye. Manje kuphele konke ukwaliwa loku kwakhe ithuthe manje kwantandokazi ilale kwasaliwakazi. Naye ezwe ukuqhosha ethi ehe phela! Nami ngiyithathile indoda.

Uyavuka kuyo ekuseni uya enyokeni yakhe, ahlale-ke emini kuthi ntambama futhi engakayi endodeni aye enyokeni iye komkhotha imlale uyaifika endodeni esemnandi ayisamdeli, noma se6ethi uyathakatha, ayisenamadle6e indoda.

Lenyoka-ke i6ekwa embizeni noma emfuleni, iphiwe ukudla.
22 6aloku 6e6ona umfazi ekha amanzi nje ekuseni namashona kanti wethwala ukudla kwenyoka. Uhlala egeze kahle wachopha umfazi waloko. Kahlalwa yinsila.

Pho! Uma ekhaya kukhona loko, a6afazi a6aziphathi izingane. Zifa u6uphoqophoqo ngo6a ziha6ula umoya wexhanti zife ngo6a phela liyakhuphuka e6usuku lize ekhaya, lizodla u6 u6ulongwe likhumbule nomngani walo.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

6athi a6afazi akuye kobhulwa nempela kuyiwe yala indoda idliwa yintando yomthakathi, Nempela isangoma simnuke lomfazi nexhanti lakhe. eseliqede izingane ekhaya. Sikhombe inyanga engali6amba li6onwe li6ulawe yelaphe ekhaya kulunge. Idlule

23 imphikele indoda lomthakathi wayo. Ize ifike inyanga ili6ambe ngezintelezi li6onwe ngamehlo Iqoqe umuzi wonke ili6ulale. Akhale umninilo ku6e yikhona indoda i6amba ongezansi.

Axoshwe-ke lomfazi ekhaya ayiswe ku6o. Esexoshwa a6afowa6o ndoda noyise. Ikhale indoda ingasenakwenza lutho. Kwelashwe ekhaya ku6uye kulunge nje esechithiwe umthakathi.

Kwesinye isikhathi kanti kuhamba utikoloshe ekhaya. Impela-ke lenda6a ilukhuni ngo6a ka6onwa kan6i ungukufa ngo6a nasemakhambini uyathela u6uthi. Futhi uma ehluleka ekutheleni

24 uyamekhama umuntu asuke afe nje. Angawubhuqa umuzi wendoda utikoloshe nya. Indoda iyaqina i6ize inyanga ekwazi uku6ethela. Uzwe inyanga ilayeza ukuthi ni6olala nishunqise lomuthi endlini niwu6eke ngodengezi ngasemnyango use uze uphele ngofika kusasa kusihlwa uze ufike ufune amatshe ada6ukela emanzini a6engangamasango angena kwakho ekhaya. Ulungise namafutha engulu6e. Nempela-ke, ifike. Iphethe umuthi wayo osewugayiwe wathakwa namafutha emvu emnyama noma imvu yamanzi i6eseyiwuthaka namafutha engulu6e ihuqe insizi emnyama ematsheni azo6a zikhonkwane. I6eseyihuqa naleli itshe elinye ili6eke-ke.

25 Omunye a6ambe isi6ani yona igca6e a6antu isuka kumnumzane ize kunkosikazi na6antwana 6onke ngokulandelana ko6udala 6a6o. Nesalukazi singasali noma yixhegu nayo inyanga nohlakalwayo 6onke 6agcatshwe kusuka ekhanda naseshiyini langanxanye nasemxhweleni nasovalweni nasedolweni naseqakaleni nasozwaneni olukhulu nasesiphangeni naselungwini longalo elifuphi nasendololwaneni, nasesihlakaleni nasesithupheni sahlangothi lunye.

Leligazi likhiwa ngaleli itshe. La6o 6onke la6antu lihlangane kulelitshe, kuyothi ekuseni umnumzane noma yinyanga ahambe nalo lelitshe ali6eke phezulu endaweni lapha ilanga liphuma

26 lihla6e khona. Kude noma yisenta6eni noma yisegqumeni noma yisenta6eni yamatshe nje.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Loku kwenzelwa uku6a kuthi noma umuthakathi okugalela nangephupho nangeha6iya kuye kohla6a egazini lakho etsheni ku6uyele kuyoklinya umniniko.

Kuthi-ke lamatshe ayizikhonkwane a6ethelwe ezintu6eni zonke ezingena ekhaya.

Uma efika utikoloshe angangeni. Asindwe a6uyele emuva. Kuthi uma emqhu6a ngenkani umniniwo, afike zim6ambe izikhonkwane. Eme kuze kufike a6antu 6am6one ngamehlo.

Uma 6em6ambile 6athule 6angakhulumi 6aqhwe6e inyanga ifike
27 im6ulale imxhoxhe ithengise noma yelashe ngamafutha akhe nenyama nesikhumba nethambo nako konke kwakhe ku umuthi omkhulu ezinyangeni.

Ku6esekuqala-ke ku6alula ekhaya seku6ethelwe sekungasangeni mhlolo. Nomkhuhlane udamuke ku6e sekhaya impela.

Umnumzane-ke ushaya inkati enkulu ngalo lelolanga xx enyangeni yoku6ethela uma ethanda akhiphe opondo a6asithupha ngelanga ngo6a phela eyoku6ethela ayisikwelethu.

Uku6ethela akunsangu ngo6a impela enyangeni ekufunde ngempela, kuyathi uma ephikelele umthakathi ukungena no6uthi
28 ekhaya, uyo6onwa ngamehlo e6anjiwe nomhlambi wonke wakhe, ngo6a phela a6athakathi 6efuyile ngempela otikoloshe nezimpaka nemikhovu, nezingqeqe. Eminye imikhovu 6ayayivusa, eminye izalwa umuntu nemfene.

Kulunga uma umuntu efe qede wangcwatshwa esashisa. Kusuke isambane ekhaya kwamthakathi sigu6he umgodi uyofika engcwa6eni lelo. Kusuke umthakathi eme phezu kwengcwa6a amemeze ngomuthi emlonyeni ememeza igama lomufi. Simthwale isambane siphume naye. Amemukele umthakathi amse6enze aze avuke agijime a6esemnquma ulimi a6ese6a umkhovu wakhe 6e.

29 Izinyanga ziyayivimba nemikhovu. Miningi imikhu6a eyenziwa a6athakathi emnyango la, nina anazi. 6ayabhulela 6adwe6e nemeqo yikhona uzokweqa ufe. Angisezukunitshela ngofufunyane-- ningaze nicasuke. Sengiyema-ke lapho ngezomkhuhlane.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/27 11

ser. 53 Number 4. Ukwenda, part 2.

Phela kuqala izwe lalinga6uswa a6elungu, lali6uswa amakhosi. A6antu 6e6uthwa (kwaZulu 6elo). Inkosi ingajahile ukuthi izinsizwa mazithathe ngo6a ama6utho ayehlala elinde ukuhoma ayokulwa nangasiphi isikhathi esingashiwo yinkosi.

30 Kuthi uma seyi6ona, iju6e i6utho elithile ithi malithathe. Lijutshwa njalo selikhulile selizinsizwa ezinkulu.

Nempela-ke lithathe lelo. 6onke a6x a6eza ngemuva a6akwazi ukuzithatha izintombi za6o xxxx noma se6ezithanda kakhulu, 6engaju6shiwe. Ziyoze zigane lona lelo6utho eselijutshiwe.

Kuhambe kwahamba kwafika a6elungu. 6afika nemithetho yesilungu, e6ingaziwa kithi kwaMalandela.

Kwathi ngoMgqi6elo ekuseni, lagqa6uka indle6e kwaNodwengu edudusini, lapho umlungu omhlophe wema enkundleni eshaya imithetho yakhe, emkhandlwini wakwaZulu--imithetho xxxxxxa6a eya6e izo6usa izwe. Phakathi kwemithetho, washo

31 kakhulu uSomsewu kaSonzica (Sir Theophilus Shepstone) wathi, "6onke a6antu ma6azeke!" Wanquma nezinkomo zelo6olo kwanje. A6anye 6ahleka a6anye 6amangala.

Nempela kwaya ngezwi lomlungu omhlophe owakhuluma inqa6a phambi kwamadoda wathi, "6onke a6antu ma6azeke." Lada6uka-ke igoda. Sasazi thina kuzeka izinkomo a6antu 6ethatha.

Kuthe ku6uywa lapho kuleyombizo, kwa6e uzichele ngentelezi okaSonzica izinsizwa. Kwa6a yileyo yathatha owayo, yangena esi6ayeni insizwa yashaya izinkomo ezinqunywe umlungu omhlophe, umkhongi wezinsizwa. Za6e ziyachanguzelwa njalo izinsizwa.

32 Hayi! Angiyazi inyama eya6a ngakaya! Zazingasamemani izintombi, kuyileyo ishada nomngani wayo kuyileyo ishada nomngane wayo! Hawu! Azikhohlwanga izintombi nezinsizwa!

Yiwo-ke lowo uMbidli kaSomsewu. Lase li6uye lima kahle nje izwe emva kwaloko. Izinsizwa zeshele. Izintombi ziqome.

Kwaseku6a khona indlela yoku6a ikhululekile ix6 intombazana uma iqoma noma iyotshitshi, nje ngomthetho womngani wayo uma esho ethi uyayithatha ngo6a uzoyilo6ola ngezinkomo zesinqumo somlungu.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Kodwa noma amantombazana ayeseziqomela kwakungakafiki ukufe6a. Kwasekuthi amaqhikiza a6onise amatshitshi ezinda6eni zokuqoma. Kwakwenziwa nje:-

33 Kusuke umfana aqomise leyontombi ayithandayo, imale impela, ngo6a phela uma ushesha uvuma sengathi uyisife6e. Ayise6enze impela intombi umfana eyeshela. Kuthi uma nayo isiyizwa inhliziyo kumfana itshele amaqhikiza ukuthi umfokazi uyayeshela uma ethanda ale impela athi ungake ulokothe umqome ngo6a uyingane. Nempèla lilalele itshitingi.

Pho! Umfokazi esha yuthando lwetshitshi eshele abhuquze, lingamnaki nokuthi wenzani. Koze kuthi uma selijutshwa amaqhikiza ali6ize ali6uze ukuthi wena uyathanda yini ukuqoma lomuntu-- uma ethanda angali6uzi athi "Cha,

34 usuzomqoma manje. Yeluka ukuhlalu. I6akhe-ke intombazana afike ke umfokazi lapho la efikela khona naye engazi ethi uzokweshela usefica lezintombi ezindala sezimfaka u6uhlalu zimtshela zithi uyavuma-ke namhla umntwana wakwethu. Ungamonisi soku6ona nawe osi6ona.

Hau! use6onga ebhuquza umfokazi usefika ekhaya uhloma iduku u6utha izinsizwa zesigodi saku6o ziya ko6onga inda6a sezifika ziyasina sekuhlalwa kuphuzwa utshwala, ngo6a phela izintombi zi6ufihlile za6ukhokho6isa ekhaya. Ayaphuza-ke amasoka athi du-ke,a6onge aqephuze kuchithekwe.

Iqomile-ke. Kepha lelisoka kufana nokuthi kakulayo ngo6a alikwazi ukuyi6ona noma yinini.

35 Uthando-ke niyalwazi nani. Lentombazana isiyamthanda lomfana manje. Isimzwela u6uhlungu. Isike imkhumbule nje i6e nesizungu sokum6ona. Ke6ahlale nje ihlane 6axoxelane ngothando lwayo naye. Kuyavutha nje esifu6eni sentombazana.

Umfana uyayithanda, uthanda sengathi angayiphatha ngezandla anga6e ekhuluma ngomlomo kude.

Uzoze azilahle amathambo athi au, ntombi hamba sihambe kesohlala phansi. Mamo! Ikuze ilumbo intombazana! Umfokazi ku6e umfokazi. Imshiye ihambe. Aloku njalo ephikelele ezozikhalela. Ingaze yamkhathala intombazana. Ahambe aye

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

36 kozikhalela emazhikizeni. Nawo akhuze ilumbo ngengane yakwa6o iyincane ale. Ku6e yiloku zonke izinsuku umfana ezikhalela esho ukuthi au! ngizomenzani kodwa ngo6a mina 6engithi ake ngim6one nje ke sixoxe nje naye angizukumenza lutho. Ale kona loko amaqhikiza athi yingane le ayikwazi ukuxoxa nawe. Ancenge umfana ezikhalela.

Kuyothi ngalanga limbe, naye eseze waqothuka izinyawo kubhuquza, engasazi, ali6ize lelijongosi athi-ke namhlanje uzoya kozola ku6o soka lakho. Lingake likulokothe nje. Siyokuzwa sife6e ndini. Hamba nje niye koxoxa u6ushuku 6onke u6uye kusasa naku umuntu ezikhalela nempela yiloku nathandana
37 anikaze niyixoxe inda6a. Nempela kuzothi mashona yenze isu layo iphume lapha ekhaya ziyazi-ke izintombi ezinye kepha a6azali a6azi ihambe iqonde ku6osoka ime ngaselawini seziyayi6ona izinsizwa. Seziyingenisa. Isihlala. Inhliziyo iyafutha! Iyaqhuma uthando lwesoka layo. Iyawazi amazwi amaqhikiza. Luyishaye luyone uvalo!

Ayike 6ayi6ungaze a6afana 6asekhaya elawini qede 6aphume 6ayolala kwenye indlu isale nomngani wayo. Pho! Ikhona yini enye inda6a ezoxoxwa. Manje uthando lukhuzile ku6o 6a6a6ili. Kodwa intombazana iyakwazi ukuzi6amba ilufihle uthando ngo6a iphethe izinkomo zikayise okufanele izi6onisele.

38 Umfana luyam6ulala uthando aze aphumesele athande xkx ukukhulumela eduze. Ungasamqaphele angakonisa. Hayi-ke 6axoxe 6axoxe kukuhle manje umfana athande ukuthinta okungathintwayo. Mamo! Intombazana! Ikhuze ilumbo! Ayidumele umfana. Pho! Kusemzini ayinakumemeza. Iyamthanda! Ilayiwe! Imthathe imlahle laphaya! A6uye ayidumele imthathe imlahle laphaya. Kuyolowa kuse. Kwephuke izinsika impela ingavumi intombazana. Aze athambe umfana a6uye ayincenge ithule nje, ayidumele! Imlahle lapahaya impela uku6a kuyokusa isuke ihambe ifike emaqhikizeni. "Ukwenzenjani?" I6alandise. 6athi wenze kahle-ke.

Aphinde azozincengela emaqhikizeni ebhuquza umfana.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

39 Kwesinye isikhathi ale, kuze kuthi ngelinye ilanga
ayiju6e intombazana. Ayitshele ukuthi angayithinti nempela
kuyo6a yiso sakuqala 6alwe kuse isuke i6uye. Naye aze a6e
nenhliziyo embi manje. Afike ayi6uze intombazana amaqhikiza.
Ithi 6alwe kwasa. Athi wenze kh kahle.

A6eseyitshela ethi, "Uya6ona, yicala leli. Azivulelwa
izinkomo. Kodwa kothi ngelinye nje ilanga mhla uyile niyolwa
nilwe u6uye uthambe. Funa naye aze a6enenhliziyo e6uhlungu.
Kodwa uqaphele ukulala kwakho. Ulale ngohlangothi ugoqe
u6ophe uthi du, umkhombise emathangeni. Akwe6iwa esi6ayeni
yicala ngo6a kuyokwehlela ithonsi wonakale. Uyothini ku6a6a?
Umqaphele impela! Agcine emathangeni u6ophe impela angatholi
40 ukudlula noze athi angaqeda umesule ngesandla sokhohlo
wesulele emathangeni akho ungavumi kuthele yena noma kuwele
phansi. Futhi ungasuli ngenye into yesula ngesandla sakho,
ngo6a kazukulunga umzimba wakhe uma umesula ngokunye noma
ezithela. Uvuke kumnyama uyogeza emfuleni kuse usulapha ekhaya."

Kuthi mhla iyile-ke 6a6uye 6ayi6uze, i6atshele ithuthumela.
6athi ko6onakala uma usikhohlisa. Ihlale ithuthumela kuze
kuphele inyanga yonke ingaphindanga. Iphele neyesi6ili i6one
ifindo layo lihamba kahle. Iphele neyesithathu lihambe kahle
ifindo ku6e yikhona i6uyela.

Nomfana a6one ukuthi kuhlupheka loku. Akhulume ekhaya
41 ukuthi ufuna ukuthatha. Kubhekwe esi6ayeni zo6onakale
izinkomo zelo6olo, ayi6ize ize izogana. Ifike lishona ihamba
nenye. Zingeniswe. Ku6uzwe ukuthi zikhwela ngo6ani. Zisho.
Kuthiwe u6eni6izile yini iphendule le ahamba nayo ithi cha.
6aziyeke zilale. Kuyasa kuhamba umuntu uyo6ika ku6ontombi
ukuthi "Funela nganeno wena wasekuthini." Ithi indoda,
"Mu6uyiseni umntanami." Usekhashwa-ke nezinkomo lezo zelo6olo.
Se6eyakhongake a6asemzini sekuze kuyalunga. 6ayanikwa
ukucwilisa imithombo, 6anikwa nokugaya, nelanga-ke kuchanguzwe.

Leyo-ke kwakuyindlela yase6umnaymeni. Engakaziwa uJesu
nesono. Kodwa zazaziswa izinkomo zomnumzan.e

42 Kepha nalapho, yehle ingozi. Kuthi sezihlolwa onina
kufunyaniseke ziphelele 6ww e6untwini 6azo. Enye yemithe ithi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

iye6a kwehle esikhulu isililo ezintombini. Ithi isihlolwa
ifunyaniswe igcwele. Kuthiwe kwehlela ithonsi. Ziyiqhu6e
zihala ziyiyisa esokeni, kushaywe inka6i yokugeza izintombi.
I6ulawe zikhiphe umswani ziyogeza ngawo emfuleni zihambe
ziyishiye inyama.

Nomame 6ayiqhu6e 6ephethe izimboko 6afike 6ashaye
izinja nezinkuku 6angene endlini 6aphohloze izimbiza namakhanzi
use6alekile umfana. Uyise a6eseshweleza se6esho ukumqeda naye
a6eseya esi6ayeni ekhomba inka6i enkulu xxx yomqhoyiso.
43 Se6eyiqhu6a se6eyi6ulala 6eyidla.

Idumale iphole lengane eyenze amanyala. Inga6e isahamba
nawontanga yayo. 6ayenyanye.

Kanti mhlaumbe lomfana kanankomo, uphangelwe yuthando
nje. Isizothatha enye intombi iyiphekezele. Ikhumbule omunye
nje owake wayikhuzela ngelinye ilanga,waphonsa lalinye wedlula.
Imkhumbule. Iqonde kwa6o engazi naye. 6azingenise. Au!
zingene. Zifike zithi, "Thola wena wasekuthini". I6isishaywa
yuvalo insizwa isikhumbula. Kuthiwe-ke imephukele. Impela
kuyaluzwe ekhaya uxxx umnumzane athi ye6o ikukhombile mfowami.
44 Ayigoduswe nezinkomo. Sekuyasa se6eyikhapha nezinkomo.
Se6eyayi6ika kuyise sekulotsholwa kuqedwa kuchanguzwa. Kuthiwe-ke
kade iye kodla izinkomo.

Kanti futhi kwakuthi nentombi nje uma isoka layo
lingenankomo, kanti umnewa6o usethanda ukuthatha. I6one umuntu
nje onezinkomo. Isho kwenye iyiphekezele, iyodlela umfowa6o
izinkomo ingasavalelisanga esokeni layo. Imane yephukele
umuntu nje naye engazi. Kepha ku6e yinto enkulu ka6i layo
ku6o kamfana--ukuthi umfana wa6o ukhonjwe yintombi. 6ayaluze
6afune ezinkomeni xx 6ayoyi6ika ngezinkomo 6alo6ole kuchanguzwe.

Namhla akusafani. Sekungathiwa intombazana isife6e uma
isukela umfana ithi kathole.

Thina-ke sikhule singamakholwa. Sathi si6a ngamatshitshi
45 sasingena enhlanzekweni saqomela emthethweni satshelwa ukuthi

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

45 cont. akuhlotshongwa akuyiwa endodeni nje neze. Sakugcina-ke loko ngenxa yo6ukholwa nokuca6anga ukuthi ike yakuthinta nje indoda uyo6e wemithi. Sa6a amavelethe saze sashada.

Esinye isiga6a samantombazana asekhona manje, ayisaxoxwa inda6a yesesheli. Isiziqomela ngasese intombi. Inga6uzi ukuthi kulalwa kanjani ifike izenekele umfokazi ayimithise ayiphike. Kuthi nengemithi ayone umuntu kuthi seyithathawa omunye i6eseyonakala. Sekukhona isiga ku6afana manje ukuthi nami ngizoyishayela umqhoyiso ngo6a nami a6anye 6ayangishayela umqhoyiso la ngihamba khona.

Uzwe zixoxa lezintombi zithi thina sihamba isilungu. Ngi6a umuntshi a 6eyisitimela. Azisavumi ukuhlolwa izintombi manje. Ziyazi ukuthi seza6a yisilungu. Umfundisi wanele ukuthi akungahlotsholngwa qede kwa6e kuzo uthe aziqale ngokugcinwa ngako.

Kanti kachofoki umfana umthanda uma wala ukulala naye futhi uzokuthatha eja6ule ~~ee~~ efika uphelele.

END. S. 53

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.